



UTumi nezifiso ezintathu

Ibhalwe nguMabel Mnensa | Imifanekiso nguJulie Smith-Belton


UBaba uvalelisa kuTumi. “Uziphathe kahle namhlanje.
Ungangeni egumbini lami. Ungakhulumi noPholi
onguPhathu.”

“Sawubona,” kusho uTumi. UPhathu, uPholi,
uyazithulela nje.

Ngabe yini le esekhejini likaPhathu? Yimpempe
egcwele uthuli!

UTumi uyayesula ize ihlanzeke bese eyifutha.

“Sawubona, wena wangasenhla,” kusho uPholi onguPhathu,
“Ngizokwenzela noma yikuphi okufisayo okuthathu.”



“Ngifisa ...

sengathi ngabe nginawo wonke ...
amaswidi akhona emhlabeni.”

PHUFU!

UTumi ulunywa yisisu. Usedle amaswidi
amaningi kakhulu.

“Tumi! Angikwazi ukungena, umnyango awuvuleki.”
Usebuyile phela uBaba. “Ngabe uke wakhulumu
noPholi onguPhathu, Tumi?”

UTumi useyesaba.



“Ngifisa ...

sengathi wonke la
maswidi anganyamalala.”

PHUFU!

UBaba akajabulile neze. "Awulaleli. Ugange njengaye.
Kuhlale kugcwele ubuqili nje kulo pholi."



Esalele embhedeni wakhe ngalobo busuku, uTumi
uyacabanga, "Isifiso sami sesithathu kumele sibe sihle."

"Ngifisa ...

PHUFU!



"Tumi!" UBaba ulunguza ngefasitela. Into kuperha
ayibonayo wulwandle. "Wenzeni-ke manje?"

UPholi onguPhathu uyahleka. "UTumi ubefisa sengathi
ungaba nezigidi zamaRandi ukuze ube nendlu enkulu
bese yena ebe negumbi lakhe lokulala."

Inkinga nje ukuthi akashongo ukuthi ibe kuphi nendawo!

uTumi nezifiso ezintathu

Ibhalwe nguMabel Mnensa • Imifanekiso nguJulie Smith-Belton

Imibono okungaxoxwa ngayo

Yiziphi izifiso ezintathu obungazenza?

Yisiphi isifundo ocabanga ukuthi uTumi usifundile ngemva kokwenza isifiso sesithathu? Ziyini izifiso? Sizenza kanjani izifiso? Ubani osinika lokho esikufisayo?



Ezibonakalayo

Dweba isithombe sezifiso ezintathu ongazicela kuPhathu.



Ukufunda

Bhekisa amagama kanye nesithombe ekhasini lokugcina.

- ★ Sasiyini isifiso sikaTumi?
- ★ Sebenzisa isithombe ukuze ubonise imininingwane yalokho uPhathu akhetha ukukunika uTumi.
- ★ Ucabanga ukuthi uTumi wazizwa kanjani lapho ebheka efasiteleni?
- ★ Ucabanga ukuthi yini ayenza ngemva kwalokho?




Ukubhala

Dweba isithombe sikaTumi noPhathu kanye negwebu lo muntu ngamunye lalokho abakucabangayo. Egwebini likaTumi bhala isifiso sakhe sesithathu, uqale ngaleli gama: Ngifisa ... Egwebini likaPhathu, bhala lokho akunike uTumi, uqale ngalawa magama: Ngicabanga ukuthi ngizonika uTumi ...



Umsebenzi wezandla

Sebenzisa ikhathoni lethishu noma lethawula lephepha kanye nopende, amakhukhi, i-glue, izimpaphe, ithishu enombala noma iphepha le-crêpe ukuze wenze upholi wakho wemilingo. Qamba upholi wakho igama.



Ukusebenza

Phinde uxoxe indaba njengomdlali oyinhloko. Yisho izifiso zakho ezintathu esikhundleni kwezikatumi.

